Publication: Government Publications: Ezasegagasini Metro (Zulu)
Date: Friday, September 08, 2017
Page: 11

# Iqhuba kahle iphrojekthi yokwakha e-Cornubia

**SILINDILE MALULEKA**

UQHUBA kahle umsebenzi wokwakhiwa kwezindlu eCornubia Integrated Human Settlements Project njengoba kuPhase 1B, ziwu 2180 izindlu, okulindeleke ukuthi ziqedwe ngasekupheleni kwalo nyaka bese kuqala uPhase2.

Amalunga eKomidi lezokuHlaliswa kwaBantu kanye neNgqalasizinda awujabulele lo mbiko obuwethulwa iBamba lePhini leMenenja yeDolobha oPhikweni lwezokuHlaliswa kwaBantu uBeryl Mphakathi.

Emhlanganweni weKomidi obungomhlaka 5 Septhemba eCity Hall, uMphakathi utshele amakhansela ngenqubekela phambili eyenziwe ngezikhungo zomphakathi kanye nangezindawo zokudayisa okuzosondeza izidingo kubahlali.

"Mayelana nezikhungo zezemfundo, kwakhiwa isikole sesikhashana esavulwa ngoJulayi 2015. Isiqediwe ipulani yesigaba sokuqala futhi sesenziwe nesivumelwano sokuthi uMasipala udlala indima yawo kulo msebemzi wokwakhiwa kwesikole. Seluqalile uhlelo lwethenda, usonkontileka kulindeleke ukuthi uzoqala ukusebenza ngo 2018," kusho yena.

I-Cornubia Integrated Human Settlement Project, iphrojekthi uhulumeni ayingxenye yayo eyenzeka endaweni esenyakatho yeTheku. Le phrojekthi yaphasiswa isiGungu esiPhezulu futhi yafakwa ngaphansi kwamaphrojekthi amakhulu (Catalytic Project Status). Le phrojekthi yezigidi zamarandi eqhutshwa uMasipala kanye noTongaat Hulett ixubile, inezindawo zezimboni, amabhizinisi, izindawo zokuhlala kanye nomhlaba ongenalutho.

Enikeza umbiko mayelana nezinye izakhiwo, uMphakathi uthe isiyaqedwa ipulani yokuqala yokwakhiwa kwehholo elizokwenza imisebenzi emningi efana nemihlangano yemphakathi, izinkonzo, imicimbi yezikole kanye nemihlangano yezemidlalo.

UPhiko lwezeMpilo kuMasipala luhlinzeka ngemitholampilo ongumahamba nendlwana njalo emuva kweviki. Isixazululo sesikhashana esokufaka imishini yokugcina ulwazi ezikhungweni zokudayisa okwamanje kuze kuqedwe ukwakhiwa komtholampilo.

Enye ingxenye yalezi zakhiwo iSED Incubation kanye nesikhungo sabasebenzi esakhiwe kuPhase 1B, indawo ezosetshenziswa uPhiko lezokweSeka amaBhizinisi ukuqoqa kanye nokuhlela amakhono kanye nolwazi lwabasebenzi, kanye nokubhekela izakhamizi amathuba emisebenzi ezindaweni eziseduze kwalapha abahlala khona.

*silindile.maluleka@durban.gov.za*